# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Letare, ngomhla ka 18. 03. 2012
17/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**..

1. Iculo 260/265

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, sibonga izwi lakho elidlulisela kithi injabulo yakho ngeNdodana yakho uJesu Kristu. Sesiyacela uMoya wakho oNgcwele ukusisondeza enkazimulweni yakho. Nkosi, sinike izinhliziyo nezindlebe ezilalela nokulondoloza umlayezi wanamuhla ngoKristu Jesu uMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 1:3-7;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 12:20-26.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 263/268
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe
kwabaseFilipi 1:15-21, lithi: "Abanye kambe bashumayela uKristu ngomhawu nangombango kepha abanye ngenhliziyo enhle; laba bashumayela ngothando, bazi ukuthi ngimiselwe ukuvikela ivangeli, kepha labo bamemezela uKristu ngombango kungenganhliziyo emhlophe, bethi bazakungivusela ukukhathazeka ekuboshweni kwami. Kunani pho? Nokho uKristu uyamenyezelwa ngezindlela zonke, noma ngokuzenzisa noma ngesiminya; kulokho-ke ngiyathokoza, yebo, ngiyakuthokoza, ngokuba ngiyazi ukuthi lokhu kuyakungenzela ukusindiswa ngokunxusa kwenu nangokusiza kukaMoya kaJesu Kristu, njengokulangazela nokwethemba kwami ukuthi ayikho into engizakujabhiswa kuyo, kepha ngesibindi sonke, njengasezikhathini zonke namanje, uKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami, nokuba kungokuphila nokuba kungokufa. Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo ngoKristu Jesu iNkosi yethu, uma sifulathela ukukhumbula isikhathi sokuqala somsebenzi weNkosi uJesu Kristu nabaphostoli bakhe, siyabona ukuthi ukukholwa yiNkosi uJesu Kristu kusifaka nokuphila kwethu engozini, njengalokhu sithola kuzo izE. 6 + 9. Yikho okwenzile ukuba kuhlelwe amasonto athize ahlelelwe ukukhumbula ukuba kwenziwani, noma kukhulekwani, njengalokhu kubonakala ngesonto lanamuhla elithiwa Letare. Okuwukuthi: Jabulani! Lokho kwenza ukuba thina maKristu, nasesikhathini sokukhumbula izinhlupheko zikaKristu ezinzima ngisho isikhathi seNzilo sithokozele izinhlupheko zikaKristu. Amakholwa amelwe ukujabulela ukuhlushwa, nokubethelwa nokuvuka kukaKristu, ngokuba yikho okwenzile ukuba sonke esikholwa nguKristu sikhumbule ukuthi wasinqobela thina sonke nabantu bonke ukuthi esikholwa nguye sihlanganyela ukuphila nokuhlakanipha kwakhe.
Kanjalo-ke sibona nomphostoli uPawulu, noma ebekene nokujeziswa okulukhuni ngonqunyelwa ukufa, engaqondi ukuthi angahlengwa kukho kanjani. Wayeyethemba iNkosi osahlulele ukwesaba nokufa. Wakhumbula isimemezelo seNkosi uJesu owathuma abafundi bakhe, ebatshela ukuthi “Kepha xwayani abantu, ngokuba bayakunikhaphela emiphakathini, banishaye emasinagogeni abo. Niyakuyiswa nangaphambi kwababusi namakhosi ngenxa yami, kube ngubufakazi kubo nakwabezizwe. Kepha kuyakuthi, nxa benikhaphela, ningakhathazeki ngokuthi niyakukhuluma kanjani, nokuthi niyakuthini, ngokuba niyakuphiwa ngaso lesosikhathi eniyakukukhuluma. Ngokuba akuyininia enikhulumayo kodwa uMoya kayihlo okhuluma kini,” Math. 10:17-20. Yikho okwenza ukuba umphostoli abe nesibindi, angesabi ukuhlulelwa ukufa, kodwa avume ngokusho ukuthi: Ngimela ivangeli, ngiyayiqinisa.
1. Bandla, ukuhlushwa kukaPawulu kusizile kakhulu ukuqhuba ivangeli, ngokuba noma ebhekene nokuhlulelwa ukufa, wayesakhumbula ibandla leNkosi, njengalokhu esho ukuthi: Kufanele ukuba ngibe nomqondo onjalo ngani nonke, njengokuba nginithwele enhliziyweni yami, lokhu ekuboshweni kwami. Paulo wathi: Ngivikele ivangeli, ngiliqinise, ngokuba uNkulunkulu ungumfakazi wami wokuthi ngilangazelela kangakanani nonke ngesihe sikaJesu Kristu. Lokhu kwenzile ukuba nasekuboshweni bonke abendlu kaKesari balizwe ivangeli. Ngokuziphatha kwakhe babengamboni icala. Bathi: Ngenxa yomhawu kuphela bayamlahla, ngokuba wamemezela kubantu izwi likaNkulunkulu engesabi ngalutho.

Bandla, okwenzekile ngalesosikhathi somphostoli, nasesikhathini sethu sanamuhla kusenzeka, kusekhona izedukiso ezivela emabandleni kakhulu, uma umfundisi ekude nabafundisi abanye bebandla lakithi,

engasabonani, engasavakeshelani nabanye bebandla lakithi. Izwi lentshumayelo yanamuhla lithanda ukuvuselela isibindi sethu, njengoba umphostoli ethi: Yikho okusizayo ukuqinisana, nokuzwana, nokusizana ukuba iningi labazalwane eNkosini bathole ithemba ngesibopho sakhe, bazuzile kakhulu isibindi sokukhuluma izwi likaNkulunkulu ngokungesabi. Noma abanye kambe beshumayele uKristu ngomhawu nangombango. Wakhumbula nabanye ababeshumayela uKristu ngenhliziyo enhle, wathi: Laba bashumayela ngothando, bazi ukuthi ngimiselwe ukuvikela ivangeli, kepha labo bamemezela uKristu ngombango kungenganhliziyo emhlophe, bethi bazakumvusela ukukhathazeka ekuboshweni kwakhe. Nokho uPawulu wabuza, wathi: Kunani pho? Nokho uKristu uyamenyezelwa ngezindlela zonke, noma ngokuzenzisa noma ngesiminya; kulokho-ke ngiyathokoza, yebo ngiykuthokaza. Kuphela baqinise ukuthi uJesu uyiNkosi.

2. Iphistola liyaqhubeka ngokusho ukuthi: Ngokuthi ngiyazi ukuthi lokhu kuyakungenzela ukusindiswa nokunxusa kwenu nangokusiza kukaMoya ka Jesu Kristu. Kulendawo siyakhumbula uPawulu noSilase sebekhiphile idemoni kuloyawesifazane. UPawulu wathokoza, noma isixuku sabantu sibavukele, nezinduna zayala ukuba bahlutshulwe izingubo, bashaywe ngenduku, izE. 16:22. Yikho okwenzile ukuba akhuluma, njengalokhu sisand' ukuzwa. Okwenzekile ngamakholwa okuqala, nanamuhla kusenzeka ezindaweni eziningi. Umbuzo uthi: Thina senzani, uma sivelelwa okunjalo na? Siphakamisa nje izandla ukuzivikela, nokukhala na? Ake sikhumbule, bathandekayo, ukuthi usizo luseduze, kimi nakuwe, ngokuba uKristu wathembisa abafundi bakhe, wathi: "Mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe," Math. 28:20. Futhi wasiyalela ukuba sikhulume naye ngomkhuleko, njengalokhu abaseFilipi bebekhuleka. Siyazi ukuthi iNkosi yamukela umkhuleko wabo, njengalokhu kulotshiwe nguPawulu, wathi: Ngiyazi ukuthi lokhu kuyakungenzela ngokunxusa kwenu nangokusiza kukaMoya ka Jesu Kristu. Khona kuleliyayitilongo elilukhuni kabi, siyambona ephiwa inkululeko, wavunyelwa ukuba ahlale iminyaka emibili egcwele endlini yakhe ayiqashileyo, wamukela bonke abeza kuye, washumayela umbuso kaNkulunkulu, wafundisa ngaso sonke isibindi izindaba zeNkosi uJesu Kristu enganqatshelwa muntu, izE. 28:30-31. Yizo izimangaliso nezenzo zikaNkulunkulu kubo bonke abakholwa nguye, nokumethemba.

3. Iphistola liyagcina kanje ngamazwi omphostoli, athi: "Njengokulangazela nokwethemba kwami ukuthi ayikho into engizakujabhiswa kuyo, kepha nesibindi sonke, njengasezikhathini zonke namanje, uKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami, nokuba kungokuphila nokuba kungokufa. Okusho ukuthi uPawulu uthokozile, akakhonondi, wathi kungokuphila nokuba kungokufa, eqhubeka wathi: Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo. Kunjalo ngokuba waphiwa ukuba aqhubeke ukushumayela ivangeli likaJesu Kristu owabethelwa esiphambanweni kanye kuphela ngenxa yethu ukuba afele ngenxa yeziphambeko zethu, nokusivukela ngenxa yokulunga kwethu. Waqhubeka, wathi: Kepha ngiphakathi kokubili; nginesifiso sokumuka ngibe noKristu, ngokuba yikhona okuhle kakhulu; kanti-ke ukuhlala enyameni kuswelekile kakhulu ngenxa yenu okusadingeka ukuba ivangeli lensindiso egameni likaJesu Kristu uMsindisi wabantu bonke lishunyayelwe kumakholwa nakubo abangakakholwa.

Bandla, ukuhlushwa ngenxa yokulunga kulungile kakhulu. Umphostoli uPetru wathi: "Uma ehlupheka ngokuba engumKristu, makangabi namahloni, kepha makadumise uNkulunkulu ngenxa yalelogama," 1 Petr. 4:16. Yikho okwenza ukuba umphostoli agcine ngamazwi akhe ngokubonga nokukhuleka, wathi: "Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyizuzo. Ababolawa ngenxa yegama elihle, elikaJesu Kristu, siyabacelela ukuba baphiwe ukukhuluma njengoStefanu, sibonile inkazimulo kaNkulunkulu noJesu emi ngakwesokunene sikaYise, bathi: Nkosi Jesu, yamukela umoya wami! Nokuthi: Nkosi, ungababaleli lesisono, labo abasihlupha ngenxa yokukholwa, izE. 7:55.56. 59.60. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, mawusiphe ukukhuluma, nokushumayela ngesibindi ivangeli lakho noJesu Kristu uMsindisi wabantu bonke. Ngevangeli, noma nangaleligama bonke abasekude, mabasondezwe kuwe ngokukholwa kweqiniso, ukuba nabo bavume ngesibindi njengomphostoli, ngokusho ukuthi: Kodwa kithi ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 183/191

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-.T. Ratshefola
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.